## ULWAZI JIKELELE MAYELANA NESIKHUNGO SIKAHULUMENI

| | |
|---|---|
| **IGAMA ELIBHALISIWE:** | Inhlangano Kazwelonke Yezomkhathi YaseNingizimu Afrika (i-SANSA) |
| **IKHELI LENDAWO:** | SANSA Corporate Office, Enterprise Building<br>Mark Shuttleworth Street<br>The Innovation Hub<br>Pretoria<br>0087 |
| **IKHELI LEPOSI**: | PO Box 484<br>Silverton<br>0127 |
| **INOMBOLO YOCINGO**: | +27 (0)12 844 0500 |
| **INOMBOLO YEFEKISI:** | +27 (0)12 844 0396 |
| **IKHELI LE-IMEYILI**: | information@sansa.org.za |
| **IKHELI LEWEBHUSAYITHI:** | http://www.sansa.org.za |
| **ABACWANINGI MABHUKU BANGAPHANDLE:** | SizweNtsalubaGobodo |
| **IBHANGE:** | ABSA Bank |
| **UNOBHALA WEBHODI:** | Nksz. Lorraine Harrison |

## AMAZWI OMPHATHI OYISIKHULU ESIPHEZULU

I-SANSA ikhombise uzinzo kunyaka wezimali odlule ngezimpumelelo zayo ezibalulekile phezu kwesabelomali esincane. Yize izinkomba ezimbili kweziyishumi nesishiyagalolunye kudingeke ukuthi zimiswe ngenxa yezobuchwepheshe kanye nezinsizakalo, i-SANSA ikwazile ukufeza amaphesenti angama-84 ezinhloso zayo zonyaka. Lokhu wubufakazi kwabesilisa nabesifazane abaningi abasebenzela i-SANSA, kanye namakhasimende ethu abalulekile kanye nabanye okusetshenziswana nabo, abazinikele ekuhlinzekeni izidingo zezwe lethu. Ngibonga kakhulu ngokufaka kwabo isandla futhi ngiyithulela isigqoko imizamo yabo.

Ngithatha leli thuba futhi ukubonga u-CEO wangaphambilini, uDkt. Sandile Malinga, kanye noMphathi Omkhulu oyibamba, uMnu. Potlaki Maine, ngobuholi abuhlinzekile ngesikhathi sesigaba sokuqala sokubunjwa kwe-SANSA. Ngaphezu kwalokho, iBhodi le-SANSA naMakomidi ayo badlale indima ebalulekile ekuqinisekiseni ukubusa okuyimpumelelo kanye nokuhlinzeka ngokuqapha okubalulekile emsebenziningqangi we-SANSA, okubongwa kakhulu ngabaphathi kanye nabasebenzi be-SANSA. Siphinda sidlulisa amazwi okubonga kuNgqongqoshe wethu, kanye nakuziphathimandla zoMnyango Wezesayensi Nezobuchwepheshe, ngosekelo lwabo eminyakeni eminingi edlule.

Lo nyaka wezezimali ube nezimpumelelo eziningana, okubandakanya ukuhlinzeka abasebenzisi bethu ngezithombe zesathalayithi ezingaphezu kwe-22 000, ukufinyelela kubafundi abangaphezu kwe-18 000 njengengxenye yohlelo lwethu lokuqwashisa ngomkhakha wezomkhathi, amaphuzu okukhiqiza ucwaningo angaphezu kwe-1600 ngenxa yenani lochicilelo, kanye nokukhiqiza ngempumelelo idatha engaphezulu kwama-99% kuwo wonke amasathalayithi ezindaweni esisebenza kuzo. Isathalayithi engasebenzisi izintambo elandelayo yeNingizimu Afrika, i-EO-Sat1, yahlolwa ngokuyibeka endaweni efanele ukuqinisekisa ukuthi ezobuchwepheshe eziningi zendawo ziyacutshungulwa. Uhlelo lokubeka endaweni efanele seluphothuliwe futhi silungiselela ukuphothulwa kwesathalayithi eminyakeni emibili ezayo.

I-SANSA manje isiyiqedile iminyaka emihlanu ikhona, nokuyisikhathi obekugxilwe kuso ekusunguleni le nhlangano, lapho kuhlanganiswe khona amayunithi amabili ezikhungo ezisebenzisanayo kwabunjwa i-SANSA ngesikhathi sesigaba sokusungulwa kwale nhlangano. Kodwa-ke, ngenxa yesisekelo esiqinile esivele sesakhiwe, lesi yisikhathi esifanele sokuba i-SANSA iqale ukusebenzisa isu lokukhulisa le nhlangano. Lokhu kukhula kusekelwe ekukhuleni okuzinzile okungaphezulu kokuphakathi nendawo komkhakha wezomkhathi womhlaba kanye nohlelo lomkhathi wase-Afrika olusafufusa.

Ngakho-ke, uma siqhubekela phambili sisuka esigabeni sokusungulwa kwe-SANSA, kuzogxilwa eminyakeni emihlanu elandelayo ekulawuleni kanye nasekusekeleni umkhakha kazwelonke wezomkhathi ngokuqinisekisa ukuthi lo mkhakha uyathuthukiswa futhi ubekwa endaweni efanele yezomhlaba njengesizinda sezokusungulwa kwemikhiqizo nezinsizakalo ezisetshenziswa kwezomkhathi yeNingizimu Afrika, futhi kusatshalalelwe nase-Afrika, njengengxenye yomsebenzi wethu wokufaka isandla ohlelweni lwezomkhathi lwase-Afrika. Indawo lapho sigxile khona kakhulu yiNingizimu Afrika, kodwa labo esisebenzisana nabo kanye nabasebenzisi bemikhiqizo bazogxila e-Afrika kanye nakwamanye amazwekazi.

Dkt. Val Munsami

CEO

## ISIMO SESIKHUNGO NGAMAFUPHI

### UMBONO, IMPOKOPHELELO KANYE NEMIGOMO







**Impokophelelo**

Ukuhola nokugqugquzela umphakathi wezomkhathi waseNingizimu Afrika ukuthi wakhe ikusasa elingcono.

# Umbono

Ukuthi iNingizimu Afrika ibe yisizinda somhlaba sezixazululo zomkhathi somhlaba wangomuso.

# Imigomo

Ukuhlinzeka izinsizakalo

Ukusebenzisana

Umsebenzi omuhle


Ukwethembeka

Inhlonipho

Ukukhula

*Umbono, Impokophelelo kanye neMigomo ye-SANSA.*

## UMSEBENZI WE-SANSA, IZINHLOSO KANYE NEZINHLELO




*Umdwebo wamahhovisi e-SANSA kanye nezigaba zayo*

I-SANSA inezizinda ezinhlanu zokusebenza, nokuyilezi ezilandelayo:

- **Uhlelo Lokulawulwa kwe-SANSA,**
- **Uhlelo lokubukwa Komhlaba Lwe-SANSA,**
- **Uhlelo Lwesayensi Yezomkhathi Lwe-SANSA,**
- **Imisebenzi Emayelana Nomkhathi ye-SANSA, kanye**
- **Nezobunjiniyela Bezomkhathi ze-SANSA.**

### Uhlelo lo-1: Uhlelo Lokusekelwa Kwesikhungo

Uhlelo Lokusekelwa Kwesikhungo luhlinzeka usekelo kubaphathi, usekelo lokulawula kanye nolwezobungoti kuwo wonke amayunithi okusebenza.

### Uhlelo lwe-2: Uhlelo Lokubukwa Komhlaba

I-SANSA iqoqa, igcine, ihlele futhi isabalalise izithombe kanye nemikhiqizo kuzikhungo zikahulumeni, izikhungo ze-R&D kanye nezikhungo zemfundo ephakeme. Lokhu kuqinisekisa ukuhlinzekwa kwedatha kanye nolwazi ngendlela engabizi kuminyango kahulumeni ngenhloso yokusekela izinhlelo ezihlukahlukene zikazwelonke. Phezu kwalokhu, ukutholakala kwezithombe ezihleliwe kulabo esisebenzisana nabo, njengemikhandlu yezocwaningo kanye nezikhungo zemfundo ephakeme, kwenza lezi zikhungo zikwazi ukusebenzisa zonke izithombe zikahulumeni ezisemthethweni ngaphandle kokukhokha imali ethe xaxa.

### Uhlelo lwe-3: Uhlelo Lwesayensi Yomkhathi

Uhlelo Lwesayensi Yomkhathi luhola ucwaningo lwesayensi yomkhathi oluxube imikhakha kanye nezisetshenziswa. Imisebenzingqangi ibandakanya ucwaningo lwesayesi yezomkhathi oluyisisekelo kanye nolusetshenziswayo, usekelo lwesayensi yezomkhathi ngokuqoqwa kwedatha, kanye nokuhlinzekwa kwesimo sezulu sezomkhathi, ukulawulwa kanye nokuphathwa kwedatha yesayensi, kanye nokuhlinzekwa kwesimo sezulu somkhathi kanye nemikhiqizo nezinsizakalo zezobuchwepheshe kamazibuthe ngokuyithengisa kanye nangokuzimele.

### Uhlelo lwe-4: Uhlelo Lwemisebenzi Yomkhathi

Uhlelo Lwemisebenzi Yomkhathi lunomsebenzi wokuqoqa idatha yesathalayithi yohlelo lwe-EO kanye nokuhlinzekwa kosekelo kubabambiqhaza kwezomkhathi bakuleli nabomhlaba jikelele.

### Uhlelo lwe-5: Uhlelo Lwezobunjiniyela Bomkhathi

Uhlelo Lwezobunjiniyela Bomkhathi luhlinzeka izinhlelo zobunjiniyela kanye nokusingathwa kwamaphrojekthi futhi luqhuba uhlelo lokwakhiwa kwesathalayithi eNingizimu Afrika ngokubambisana nabanye osonkontileka, izikhungo ze-R&D kanye nokubanjiswene nabo emkhakheni ozimele.

I-SANSA inezinhloso eziyisikhombisa ezibalulekile:

**Inhloso yo-1: Ukuxazulula izinkinga zaseNingizimu Afrika ngokusebenzisa izinsizakalo kanye nemikhiqizo yomkhathi.**

**Inhloso ye-2: Ukuhola ucwaningo lokubambisana olunomthelela omkhulu kanye nentuthuko (i-R&D) kusikali sikazwelonke.**

**Inhloso ye-3: Ukuthuthukisa abasebenzi kanye nokuqinisekisa uguquko.**

**Inhloso ye-4: Ekwenziwa ngcono kokuncintisana kwemboni yomkhathi yaseNingizimu Afrika.**

**Inhloso ye-5: Ukuthuthukisa ukusebenzisana komhlaba okuyimpumelelo.**

**Inhloso ye-6: Ukuqinisekisa ukukhula nokuzinza kwe-SANSA.**

**Inhloso ye-7: Ukuguqula i-SANSA ibe yiSikhungo esisebenza ngokuseqophelweni eliphezulu.**

## IGUNYA ELIBEKWE NGUMTHETHO LE-SANSA

## UMKHATHI KANYE NOMTHELELA WAWO: UMBIKO WOMTHELELA

Emhlabeni oguquguqukayo, uma isibalo sabantu sikhula kanye nokufuneka kwezidingongqangi njengezindlu, amanzi ahlanzekile, ukuthuthwa kwendle, ugesi, unakekelo lwezempilo, ezemfundo, ezokuphepha nokuvikeleka nakho kuyakhula yize sinezinsizakusebenza ezinganele, kudingeka sibhekane nokuthi singawenza kanjani umthelela obonakalo ezimpilweni zezigidi zabantu nsukuzonke.

Esikhungweni i-SANSA, isayensi yezomkhathi kanye nobuchwepheshe buhlinzeka ulwazi kanye namathuluzi wokuthi sifake isandla ekubeni khona okunzinzile koMhlaba. Lesi Sikhungo sinezinhlelongqangi ezimayelana ne-EO, i-SS, i-SO ne-SE ezigxile ekuthuthukiseni abasebenzi kanye nasekuqwashiseni ngomkhathi ukuze kuhlomule umphakathi.

Kulesi sigaba, sikhuluma ngomthelela owenziwe yizinhlelo ezihlukahlukene ngokusebenzisa ucwaningo lwezesayensi, amaphrojekthi kanye nokusetshenziswa kwesathalayithi. Amazwibela abhalwe ngokwezingqikithi, ezisiza ukukhombisa umthelela wesayensi yezomkhathi kanye nezobuchwepheshe ekuphileni kwethu kwansukuzonke.

## *ITHEBULA LOHLELO LOKUSEBENZA NGAMAFUPHI*

Kunyaka wezimali we-2016/17, i-SANSA ifeze izinkomba zokusebenza ezibalulekile ezi-15 kwezi-17 ngezinga lempumelelo lwama-88%.

Uphiko Lohlelo Lwezomkhathi lube nezingqinamba zezimali ohlelweni lokuthuthukiswa kwesathalayithi (i-EO-Sat1) njengamanje oluphethwe ngaphakathi. Izingqinamba zemali okuhlangatshezwane nazo zibe nomthelela ongemuhle ekufezeni imikhawulo ebibekiwe. Izimpumelelo ezihlanganisiwe zikhonjisiswe kuthebula lokusebenza konyaka elilandelayo.

| Inhloso | | Inkomba Ebalulekile Yokusebenza | Isigaba sokubika | Umkhawulo wonyaka | Umkhawulo Wonyaka Ofeziwe | Izimbangela zezinguquko |
|---|---|---|---|---|---|---|
| Inhloso yo-1 | Ukuxazulula izingqinamba zaseNingizimu Afrika ngokusebenzisa izinsizakalo nemikhiqizo yomkhathi. | T1.1. Isibalo semikhiqizo nezinsizakalo zikazwelonke ezinomthelela omkhulu | Ngesigamu sonyaka | **5** | **5** | Umkhawulo ofeziwe |
| | | T1.2. Isibalo samathuluzi okusekela izinqumo noma izinqubomgomo zikahulumeni. | Ngonyaka | **3** | **3** | Umkhawulo ofeziwe |
| Inhloso ye-2 | Ukuhola ubambiswano lwe-R&D olunomthelela omkhulu kuzwelonke | T2.1 Isibalo somkhiqizo wocwaningo lukazwelonke se-R&D yokusekela umkhathi (Lesi sibalo somkhiqizo sincike emsebenzini woxhaso locwaningo olutholakele + ukushicilela ( amabhuku esayensi, izincwadi, imibiko, nezingxoxo) + abafundi abathole iziqu + isimo sokukeliswa kocwaningo) | Ngesigamu sonyaka | **950** | **1 656** | Isibalo esiyingqophamlando soshicilelo onyakeni wezimali we-2016/17 kumabhuku anomthelela omkhulu kuholele emaphuzwini aphezulu kunalokho obekulindelwe. |
| Inhloso ye-3 | Ukuthuthukisa amandla abasebenzi kanye nokuqinisekisa ukuguquko | T3.1 Isibalo sentsha okuxoxiswane nayo ngqo ngokuqwashisa ngesayensi kanye nemisebenzi yokusiza imiphakathi (Lokhu kubandakanya ukuxoxisana ubuso nobuso nentsha. Isibonelo ukuvakashela eminye imibukiso ye-SANSA) | Ngesigamu sonyaka | **9 000** | **18 782** | Ukungenelela okubalwa okuyimpumelelo kanye nokuba khona koxhaso lwe-SAASTA kuholele ekutheni umkhawulo obubekiwe kudlulwe kuwo. |

| Inhloso | | Inkomba Ebalulekile Yokusebenza | Isigaba sokubika | Umkhawulo wonyaka | Umkhawulo Wonyaka Ofeziwe | Izimbangela zezinguquko |
|---|---|---|---|---|---|---|
| Inhloso ye-3 | Ukuthuthukisa amandla abasebenzi kanye nokuqinisekisa ugququko | T3.2 Isibalo sabafundi abasekeliwe ngoqeqesho olusemthethweni (Lokhu akufaki izifundo ezithatha isikhathi esifushane futhi kugxile kubafundi ababhalisele iziqu zedigri kuphela) | Ngesigamu sonyaka | **50** | **87** | Kuphinde kwatholwa olunye uxhaso lwemifundaze yabafundi, futhi uhlelo lokuthola abafundi oluyimpumelelo luholele esibalweni esiphezulu kunaleso ebesilindelwe sabafundi abasekeliwe. |
| Inhloso ye-4 | Ukuthuthukisa ukuncintisana komkhakha wezomkhathi waseNingizimu Afrika. | T4.1.1 Izinga lokuqapha ngesathalayithi ngempumelelo ohlelweni lokubuka umhlaba | Ngesigamu sonyaka | **Esetshenzisiwe** | **10 607** | Lo mkhawulo udluliwe ngenxa yogqozi lwe-SANSA lokwenza ngcono kumazinga ayimpumelelo ezinsizakalo angama-98%. |
| | | | | **Isamba** | **10 610** | |
| | | | | **98%** | **99.98%** | |
| Inhloso ye-4 | Ukuthuthukisa ukuncintisana komkhakha wezomkhathi waseNingizimu Afrika. | T4.1.2 Isamba semali ezuziwe ngemisebenzi yokusebenza komkhathi | Ngonyaka | **Izigidi ezi-60 zamarandi** | **Izigidi ezi-66.7 zamarandi** | Amakhasimende omhlaba acele ezinye izimvume zokudlula ngokuhamba konyaka kanye neminye imihlomulo ngenxa yenzuzo edalwe ukuguquguquka kwamazinga okushintsha imali. |
| | | T4.1.3 Isamba semali yemisebenzi yezomkhathi etshalwe kwezinye izinhlelo ze-SANSA | Ngonyaka | **Izigidi ezi-11 zamarandi** | **Izigidi ezi-13 zamarandi** | Lokhu kuguquguquka kubangelwe yimihlomulo yezinga lokushintsha imali kanye nezindleko zezinsizakalo emaketheni yomkhakha womkhathi kanye nakunkundla yezomhlaba. |

| Inhloso | | Inkomba Ebalulekile Yokusebenza | Isigaba sokubika | Umkhawulo wonyaka | Umkhawulo Wonyaka Ofeziwe | Izimbangela zezinguquko |
|---|---|---|---|---|---|---|
| Inhloso ye-4 | Ukuthuthukisa ukuncintisana komkhakha wezomkhathi waseNingizimu Afrika. | T4.2.1 Isibalo semisebenzi esekelwe ngaphandle ngezinkontileka zohlelo lwe-SANSA | Ngonyaka | **50** | **52** | I-Denel Spaceteq, enenkontileka yokwakha isathalayithi, iqashe abasebenzi ababili okwesikhashana ukukhuphula amandla ayo e-AIT ukusekela uhlelo lokwakha isathalayithi. |
| | | T4.2.2 Umbiko wenqubekela phambili mayelana nephrojekthi yokuthuthukiswa kwe-EO-Sat1 | Ngonyaka | **50%** | **37%** | Ukubambezeleka ohlelweni kungenxa yokuswelakala koxhaso lokuthi kuphothulwe uhlelo oluphelele. Phezu kwalokhu, iqhinga lokuhlela kabusha lathuthukiswa ukunquma ngezindlela zokunciphisa izindleko zohlelo. Lokhu kusathulwa njengamanje ebhodini ukuze kuxoxiswane ngakho ne-DST mayelana nokuxhasa uhlelo. |
| Inhloso ye-4 | Ukuthuthukisa ukuncintisana komkhakha wezomkhathi waseNingizimu Afrika. | T4.2.3 Isamba semali echithwe kuzinkontileka zama-SME kumaphrojekthi abalulekile omkhathi | Ngonyaka | **Izigidi ezi-12 zamarandi** | **Izigidi ezi-13 zamarandi** | I-Denel Spaceteq ikhuphule izinga lokukhipha izinkontileka ukufukula amandla ayo e-AIT kanye nokugcina inqubekela phambili kuphrojekthi. |

| Inhloso | | Inkomba Ebalulekile Yokusebenza | Isigaba sokubika | Umkhawulo wonyaka | Umkhawulo Wonyaka Ofeziwe | Izimbangela zezinguquko |
|---|---|---|---|---|---|---|
| Inhloso ye-4 | Ukuthuthukisa ukuncintisana komkhakha wezomkhathi waseNingizimu Afrika. | T4.2.4: Isamba semali echithwe kuzinkontilela embonini yezomkhathi esabalele kumaphrojekthi ezomkhathi. | Ngonyaka | **Izigidi ezi-55 zamarandi** | **Izigidi ezi-77 zamarandi** | IBhodi lisuse imikhawulo kunkontileka ephelele. Lokhu kuvumele ukuthi i-SANSA yenze eminye imisebenzi ethe xaxa ukuqinisekisa inqubekela phambili ohlelweni. |
| Inhloso ye-5 | Ukuthuthukisa ubudlelwano bezomhlaba obuyimpumelelo | T5.1 Isamba semali eyenziwe ngokusebenzisana njengengxenye yemali ye-SANSA engatholakalanga ngokuhweba | Ngesigamu sonyaka | **Esetshenzisiwe**<br>**Isamba**<br>**2%** | **R12 363 524**<br>**R196 741 813**<br>**6%** | Isivumelwano phakathi kwe-DST neBRICS siholele ekutholweni kwedatha yesathalayithi i-CBERS ebiza izigidi ezi-4.1 zamarandi. |
| Inhloso ye-6 | Ukuqinisekisa ukukhula nozinzo lwe-SANSA | T6.1.1 Isamba semali engenile ye-SANSA ebekwe eceleni | Ngonyaka | **Izigidi ezi-200 zamarandi** | **Izigidi ezi-217 zamarandi** | I-SANSA ithole enye imali engenayo ekuthulweni kwesinsizakalo zosekelo futhi yasekela amakhasimende omkhakha kahulumeni akuleli lizwe zezisetshenziswa zokuthola idatha. |
| Inhloso ye-6 | Ukuqinisekisa ukukhula nozinzo lwe-SANSA | T6.1.2 Umthethela okalwa ngokwemali ngonyaka | Ngonyaka | **Isamisiwe** | **Isamisiwe** | Kumisiwe ngenxa yezinkinga zezobuchwepheshe kanye nezinsiza |

| Inhloso | | Inkomba Ebalulekile Yokusebenza | Isigaba sokubika | Umkhawulo wonyaka | Umkhawulo Wonyaka Ofeziwe | Izimbangela zezinguquko |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | | T6.1.3 Ukuqwasha komphakathi mayelana ne-SANSA | Ngonyaka | **60%** | **97%** | Abanga-97% abaphendulile bayazi nge-SANSA. |
| | | T6.2 Umbiko wenqubekela phambili ekuqalisweni kwe-NSP esezingeni eliphezulu | Ngonyaka | **Isamisiwe** | **Isamisiwe** | Kumisiwe ngenxa yezinkinga zezobuchwepheshe kanye nezinsiza. |
| Inhloso ye-7 | Ukuguqula i-SANSA ibe yiNhlangano esebenza ngezinga eliseqophelweni eliphezulu | T7.1.1 Ukuqalwa kwezinhlelo ezihlonziwe ezithuthukisa ukusebenza kwesikhungo | Ngesigamu sonyaka | **4** | **3,5** | Ngenxa yokuswelakala kwemali kanye nezidingo zophiko ngalunye ezibe seqhulwini kwenziwe uqeqesho jikelele olumbalwa kuphela. Ukwahlukahlukana kwama-30% kwemisebenzi yokuhlela ukulandelana kwazise okuningi kube wukuxoxisana okungahlelekile futhi mancane ama-PDP ahleliwe. |
| | | T7.1.2. Ingxenye (%) yabasebenzi abaqashwe ngokugcwele kuzinhlanga eziqaguliwe kumazinga u-D kuya ku-F. | Ngesigamu sonyaka | **65%** | **77%** | Ukuqasha okuhlosiwe kube yimphumelelo kuhambisana nokusula okumbalwa kumkhakha ongewona i-PDI kuholele kusimo samanje se-SANSA kunaleso ebesilindelwe. |


| Inhloso | | Inomba Ebalulekile Yokusebenza | Isigaba sokubika | Umkhawulo Wonyaka | Umkhawulo Wonyaka Ofeziwe | Izizathu Zezinguquko |
|---|---|---|---|---|---|---|
| Inhloso yo-1 | Ukuxazulula izingqinamba zaseNingizimu Afrika ngokusebenzisa izinsizakalo nemikhiqizo yomkhathi. | T1.1. Isibalo semikhiqizo nezinsizakalo zikazwelonke ezinomthelela omkhulu | Ngesigamu sonyaka | **5** | **5** | Umkhawulo ofeziwe |
| | | T1.2. Isibalo samathuluzi okusekela izinqumo noma izinqubomgomo zikahulumeni. | Ngonyaka | **3** | **3** | Umkhawulo ofeziwe |
| Inhloso ye-2 | Ukuhola ubambiswano lwe-R&D olunomthelela omkhulu kuzwelonke | T2.1 Isibalo somkhiqizo wocwaningo lukazwelonke se-R&D yokusekela umkhathi (Lesi sibalo somkhiqizo sincike emsebenzini woxhaso locwaningo olutholakele + ukushicilela ( amabhuku esayensi, izincwadi, imibiko, nezingxoxo) + abafundi abathole iziqu + isimo sokukeliswa kocwaningo) | Ngesigamu sonyaka | **950** | **1656** | Isibalo esiyingqophamlando soshicilelo onyakeni wezimali we-2016/17 kumabhuku anomthelela omkhulu kuholele emaphuzwini aphezulu kunalokho obekulindelwe. |
| Inhloso ye-3 | Ukuthuthukisa amandla abasebenzi kanye nokuqinisekisa uguquko | T3.1 Isibalo sentsha okuxoxiswane nayo ngqo ngokuqwashisa ngesayensi kanye nemisebenzi yokusiza imiphakathi (Lokhu kubandakanya ukuxoxisana ubuso nobuso nentsha. Isibonelo ukuvakashela eminye imibukiso ye-SANSA) | Ngesigamu sonyaka | **9000** | **18782** | Ukungenelela okumbalwa okuyimpumelelo kanye nokuba khona koxhaso lwe-SAASTA kuholele ekutheni umkhawulo obubekiwe kudlulwe kuwo. |

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| Inhloso ye-3 | Ukuthuthukisa amandla abasebenzi kanye nokuqinisekisa uguquko | T3.2 Isibalo sabafundi abasekeliwe ngoqeqesho olusemthethweni (Lokhu akufaki izifundo ezithatha isikhathi esifushane futhi kugxile kubafundi ababhalisele iziqu zedigri kuphela) | Ngesigamu sonyaka | **50** | **87** | Kuphinde kwatholwa olunye uxhaso lwemifundaze yabafundi, futhi uhlelo lokuthola abafundi oluyimpumelelo luholele esibalweni esiphezulu kunaleso ebesilindelwe sabafundi abasekeliwe. |
| Inhloso ye-4 | Ukuthuthukisa ukuncintisana komkhakha wezomkhathi waseNingizimu Afrika | T4.1.1 Izinga lokuqapha ngesathalayithi ngempumelelo ohlelweni lokubuka umhlaba | Ngesigamu sonyaka | **Esetshenzisiwe**<br>**Isamba**<br>**98%** | **10607**<br>**10610**<br>**99.98%** | Lo mkhawulo udluliwe ngenxa yogqozi lwe-SANSA lokwenza ngcono kumazinga ayimpumelelo ezinsizakalo angama-98%. |
| Inhloso ye-4 | Ukuthuthukisa ukuncintisana komkhakha wezomkhathi waseNingizimu Afrika. | T4.1.2 Isamba semali ezuziwe ngemisebenzi yokusebenza komkhathi | Ngonyaka | **Izigidi ezi-60 zamarandi** | **Izigidi ezi-66.7 zamarandi** | Amakhasimende omhlaba acele ezinye izimvume zokudlula ngokuhamba konyaka kanye neminye imihlomulo ngenxa yenzuzo edalwe ukuguquguquka kwamazinga okushintsha imali. |
| | | T4.1.3 Isamba semali yemisebenzi yezomkhathi etshalwe kwezinye izinhlelo ze-SANSA | Ngonyaka | **Izigidi ezi-11 zamarandi** | **Izigidi ezi-13 zamarandi** | Lokhu kuguquguquka kubangelwe yimihlomulo yezinga lokushintsha imali kanye nezindleko zezinsizakalo emaketheni yomkhakha womkhathi kanye nasenkundleni yezomhlaba. |

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| Inhloso ye-4 | Ukuthuthukisa ukuncintisana komkhakha wezomkhathi waseNingizimu Afrika. | T4.2.1 Isibalo semisebenzi esekelwe ngaphandle ngezinkontileka zohlelo lwe-SANSA | Ngonyaka | **50** | **52** | I-Denel Spaceteq, enenkontileka yokwakha isathalayithi, iqashe abasebenzi ababili okwesikhashana ukukhuphula amandla ayo e-AIT ukusekela uhlelo lokwakha isathalayithi. |
| | | T4.2.2 Umbiko wenqubekela phambili mayelana nephrojekthi yokuthuthukiswa kwe-EO-Sat1 | Ngonyaka | **50%** | **37%** | Ukubambezeleka ohlelweni kungenxa yokuswelakala koxhaso lokuthi kuphothulwe uhlelo oluphelele. Phezu kwalokhu, iqhinga lokuhlela kabusha lathuthukiswa ukunquma ngezindlela zokunciphisa izindleko zohlelo. Lokhu kusathulwa njengamanje ebhodini ukuze kuxoxiswane ngakho ne-DST mayelana nokuxhasa uhlelo. |
| Inhloso ye-4 | Ukuthuthukisa ukuncintisana komkhakha wezomkhathi waseNingizimu Afrika. | T4.2.3 Isamba semali echithwe kuzinkontileka zama-SME kumaphrojekthi abalulekile omkhathi | Ngonyaka | **Izigidi ezi-12 zamarandi** | **Izigidi ezi-13 zamarandi** | I-Denel Spaceteq ikhuphule izinga lokukhipha izinkontileka ukufukula amandla ayo e-AIT kanye nokugcina inqubekela phambili kuphrojekthi. |
| Inhloso 4 | Ukuthuthukisa ukuncintisana komkhakha wezomkhathi waseNingizimu Afrika. | T4.2.4: Isamba esichithwe kunkontilela embonini yezomkhathi esabalele kumaphrojekthi ezomkhathi. | Ngonyaka | **Izigidi ezi-55 zamarandi** | **Izigidi ezi-77 zamarandi** | IBhodi lisuse imikhawulo kunkontileka ephelele. Lokhu kuvumele ukuthi i-SANSA yenze eminye imisebenzi ethe xaxa ukuqinisekisa inqubekela phambili ohlelweni.. |
| Inhloso ye-5 | Ukuthuthukisa ubudlelwano | T5.1 Isamba semali eyenziwe ngokusebenzisana | Ngesigamu sonyaka | **Esetshenzisiwe** | **12 363 524** | Isivumelwano phakathi kwe-DST neBRICS siholele |

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | bezomhlaba obuyimpumelelo | njengengxenye yemali ye-SANSA engatholakalanga ngokuhweba | | **Isamba** | **196 741 813** | ekutholweni kwedatha yesathalayithi i-CBERS ebiza izigidi ezi-4.1 zamarandi. |
| | | | | **2%** | **6%** | |
| Inhloso ye-6 | Ukuqiniseka ukukhula nozinzo lwe-SANSA | T6.1.1 Isamba semali engenile ye-SANSA ebekwe eceleni | Ngonyaka | **Izigidi ezi-200 zamarandi** | **Izigidi ezi-217 zamarandi** | I-SANSA ithole enye imali engenayo ekuthulweni kwezinsizakalo zosekelo futhi yasekela amakhasimende omkhakha kahulumeni akuleli lizwe zezisetshenziswa zokuthola idatha. |
| | | T6.1.2 Umthethela okalwa ngokwemali ngonyaka | Ngonyaka | **Kusamisiwe** | | Kumisiwe ngenxa yezinkinga zezobuchwepheshe kanye nezinsiza |
| | | T6.1.3 Ukuqwasha komphakathi mayelana ne-SANSA | Ngonyaka | **60%** | **97%** | Abanga-97% abaphendulile bayazi nge-SANSA. |
| | | T6.2 Umbiko wenqubekela phambili ekuqalisweni kwe-NSP esezingeni eliphezulu | Ngonyaka | **Kusamisiwe** | | Kumisiwe ngenxa yezinkinga zezobuchwepheshe kanye nezinsiza |

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| Inhloso ye-7 | Ukuguqula i-SANSA ibe yiNhlangano esebenza ngezinga eliseqophelweni eliphezulu | T7.1.1 Ukuqalwa kwezinhlelo ezihlonziwe ezithuthukisa ukusebenza kwesikhungo | Ngesigamu sonyaka | **4** | **3,5** | Ngenxa yokuswelakala kwemali kanye nezidingo zophiko ngalunye ezibe seqhulwini kwenziwe uqeqesho jikelele olumbalwa kuphela. Ukwahlukahlukana kwama-30% kwemisebenzi yokuhlela ukulandelana kwazise okuningi kube wukuxoxisana okungahlelekile futhi mancane ama-PDP ahleliwe. |
| | | T7.1.2. Ingxenye (%) yabasebenzi abaqashwe ngokugcwele kuzinhlanga eziqaguliwe kumazinga u-D kuya ku-F. | Ngesigamu sonyaka | **65%** | **77%** | Ukuqasha okuhlosiwe kube yimpumelelo kuhambisana nokusula okumbalwa kumkhakha ongewona i-PDI kuholele kusimo samanje se-SANSA kunaleso ebesilindelwe. |




*Iphrofayili Yabasebenzi ngokoBuhlanga Nangokomkhakha Womsebenzi*

**Isibalo sabasebenzi (kubandakanya abasebenzi abakhubazekile) ngokomkhakha womsebenzi:**

| Incazelo yenkomba | Abesilisa | | | | Abesifazane | | | | Izakhamuzi zokufika | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | Abantu abamnyama | Amakhaladi | Amandiya | Abelungu | Abantu abamnyama | Amakhaladi | Amandiya | Abelungu | Abesilisa | Abesifazane | |
| Abaphathi abakhulu | 0 | 0 | 2 | 0 | 1 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 3 |
| Izikhulu eziphethe | 0 | 0 | 0 | 1 | 0 | 0 | 0 | 2 | 0 | 0 | 3 |
| Ongoti abaqeqeshwe ngokuphelele nabaphathi abaphakathi nendawo | 16 | 0 | 3 | 13 | 10 | 1 | 2 | 6 | 0 | 0 | 51 |
| Ongoti abanamakhono kanye nabasebenzi abaneziqu, abaphathi abasemazingeni aphansi, | 40 | 5 | 3 | 9 | 22 | 3 | 0 | 6 | 0 | 0 | 88 |

# INGXENYE E: ISITATIMENDE SEZIMALI

## STATEMENT OF FINANCIAL POSITION

For the year ended 31 March 2017

| | Note | 2017<br>R | 2016<br>R |
|---|---|---|---|
| **ASSETS** | | | |
| **Current Assets** | | **172 021 594** | **199 397 438** |
| Cash and Cash Equivalents | 5 | 150 757 680 | 178 458 539 |
| Receivables from exchange transactions | 6 | 20 800 639 | 20 587 079 |
| Inventory | 7 | 463 275 | 351 820 |
| **Non-Current Assets** | | **364 814 245** | **279 597 014** |
| Property, Plant and Equipment | 8 | 344 714 713 | 257 881 588 |
| Intangible Assets | 9 | 20 099 532 | 21 715 426 |
| **Total Assets** | | **536 835 839** | **478 994 452** |
| **LIABILITIES** | | | |
| **Current Liabilities** | | **129 531 895** | **151 319 696** |
| Trade and Other Payables from Exchange Transactions | 10 | 20 850 135 | 34 046 843 |
| Provisions | 11 | 7 645 025 | 6 961 610 |
| Liability held on behalf of principal | 17 | 9 268 569 | 22 083 483 |
| Committed Conditional Grant Liability | 12 | 86 815 945 | 82 335 930 |
| Current Portion -Long Term Liability | 13 | 4 875 500 | 5 891 830 |
| Operating Lease Liability | 14 | 76 721 | - |
| **Non-Current Liabilities** | | - | **5 891 799** |
| Non -Current Portion -Long Term Liability | 13 | - | 5 891 799 |
| **Total Liabilities** | | **129 531 895** | **157 211 495** |
| **NET ASSETS** | | **407 303 944** | **321 782 957** |
| Accumulated Surplus | 15 | 407 303 944 | 321 782 957 |
| **Total Net Assets** | | **407 303 944** | **321 782 957** |

# STATEMENT OF FINANCIAL PERFORMANCE

For the year ended 31 March 2017

| | Note | 2017<br>R | 2016<br>R |
|---|---|---|---|
| **REVENUE** | | | |
| **Revenue from Non-exchange Transactions** | | | |
| Transfers and Subsidies Received | 16 | 227 232 738 | 232 441 074 |
| **Revenue from Exchange Transactions** | | | |
| Interest Income | 18 | 9 578 633 | 8 394 522 |
| Rendering of Services | 19 | 71 764 813 | 96 828 628 |
| Other Income | 20 | 1 835 459 | 5 174 125 |
| **Total Revenue** | | **310 411 643** | **342 838 349** |
| **EXPENDITURE** | | | |
| Employee Related Costs | 21 | 104 695 500 | 96 046 176 |
| Board Member Remuneration | 22 | 1 069 887 | 914 270 |
| Depreciation and Amortisation | 23 | 23 878 330 | 25 097 187 |
| Repairs and Maintenance | 24 | 7 435 449 | 8 355 117 |
| Finance Costs | 25 | 24 339 | 10 202 |
| Data Licence fees | 26 | 36 124 088 | 31 406 738 |
| Grants and Subsidies Paid | 27 | 5 452 793 | 3 622 398 |
| Antenna Infrastructure Services | 28 | 203 266 | 4 146 811 |
| Training Expenses | 29 | 1 720 023 | 1 733 802 |
| General Expenses | 30 | 42 370 357 | 47 378 832 |
| Net Losses on foreign exchange transactions | 31 | 1 352 017 | 5 470 529 |
| Loss on Disposal of Property, Plant and Equipment | 32 | 564 608 | 1 149 071 |
| **Total Expenditure** | | **224 890 657** | **225 331 133** |
| **SURPLUS FOR THE YEAR [1]** | | **85 520 986** | **117 507 216** |

[1] The surplus for the year mainly represents capital transfers declared in revenue of R93.02 million. Refer to note 16.1 reconciliation of movements in ring-fenced grants under conditions met transferred to revenue.

# STATEMENT OF CHANGES IN NET ASSETS

For the year ended 31 March 2017

| | Accumulated Surplus R | Total R |
|---|---|---|
| **2016** | | |
| **Balance at 1 April 2015** | **204 275 741** | **204 275 741** |
| Surplus for the year | 117 507 216 | 117 507 216 |
| **Balance as at 31 March 2016 (restated)** | **321 782 957** | **321 782 957** |
| **2017** | | |
| **Balance at 1 April 2016 (restated)** | **321 782 957** | **321 782 957** |
| Surplus for the year | 85 520 986 | 85 520 986 |
| **Balance at 31 March 2017** | **407 303 944** | **407 303 944** |

# CASH FLOW STATEMENT

For the year ended 31 March 2017

| | Note | 2017<br>R | 2016<br>R |
|---|---|---|---|
| **CASH FLOWS FROM OPERATING ACTIVITIES** | | | |
| **Receipts** | | | |
| Grants | 16 | 227 232 738 | 232 441 074 |
| Grants received on behalf of principal | 17 | (18 353 253) | 58 892 000 |
| Sales of goods and services | | 71 764 813 | 96 828 628 |
| Interest Received | | 9 578 633 | 8 394 522 |
| Other Receipts | | 1 835 459 | 5 174 125 |
| **Payments** | | | |
| Employee Costs | | (104 695 500) | (96 046 176) |
| Suppliers | | (89 748 100) | (97 598 019) |
| Payments on behalf of principal | 17 | (8 258 803) | (34 225 427) |
| Interest Paid | | (24 339) | (10 202) |
| **NET CASH FLOWS FROM / (RECEIVED IN) OPERATING ACTIVITIES** | 33 | **89 331 648** | **173 850 525** |
| **CASH FLOWS FROM INVESTING ACTIVITIES** | | | |
| Purchase of Property, Plant and Equipment | 8 | (104 503 038) | (113 353 141) |
| Purchase of Intangible Assets | 9 | (5 621 340) | (179 776) |
| **NET CASH FLOWS (USED IN) INVESTING ACTIVITIES** | | **(110 124 378)** | **(113 532 917)** |
| **CASH FLOWS FROM FINANCING ACTIVITIES** | | | |
| Movement in Long term liability | | (6 908 129) | (5 087 618) |
| **NET CASH FLOWS (USED IN)/ FROM FINANCING ACTIVITIES** | | **(6 908 129)** | **(5 087 618)** |
| **NET (DECREASE) INCREASE IN CASH AND CASH EQUIVALENTS** | | **(27 700 859)** | **55 229 990** |
| Cash and Cash Equivalents at the beginning of the year | 5 | 178 458 539 | 123 228 549 |
| Cash and Cash Equivalents at the end of the year | 5 | 150 757 680 | 178 458 539 |

# STATEMENT OF COMPARISON OF BUDGET AND ACTUAL AMOUNTS

For the year ended 31 March 2017

| | Note | Approved Budget | Final Budget | Actual Amounts on a Comparable Basis | Difference |
|---|---|---|---|---|---|
| | | 2016/17 | 2016/17 | 2016/17 | 2016/17 |
| **Revenue** | | R | R | R | R |
| **Revenue from Non-exchange** | | | | | |
| Transactions | | **228 632 000** | **337 346 035** | **331 588 972** | **(5 757 063)** |
| Parliamentary Grant | | 124 977 000 | 124 977 000 | 124 977 000 | - |
| Ring Fenced Transfers | 4.3.1 | 102 653 000 | 202 679 176 | 193 370 177 | (9 308 999) |
| Research Grants | | 1 002 000 | 7 216 060 | 7 123 996 | (92 064) |
| Post graduate student bursary support | 4.3.2 | - | 2 473 799 | 6 117 799 | 3 644 000 |
| **Revenue from Exchange Transactions** | | **66 588 930** | **64 513 474** | **71 764 813** | **7 251 339** |
| Contract Income: Public | 4.3.3 | 31 904 763 | 18 327 163 | 21 438 027 | 3 110 864 |
| Contract Income: Private | | 1 087 500 | 967 088 | 797 973 | (169 115) |
| Contract Income: Foreign | 4.3.4 | 33 596 667 | 45 219 223 | 49 528 813 | 4 309 590 |
| **Finance and other Income** | 4.3.5 | 745 070 | 6 389 108 | 11 414 092 | 5 024 984 |
| Prior years Surplus Retained | | | 55 849 150 | 55 849 150 | - |
| Total Revenue | | **295 966 000** | **464 097 767** | **470 617 027** | **6 519 260** |
| **Economic Classification** | | | | | |
| **Current Payments** | | | | | |
| Compensation of Employees | 4.3.6 | 110 957 356 | 114 085 922 | 104 695 500 | (9 390 422) |
| Board Costs | | 745 644 | 745 644 | 1 069 887 | 324 243 |
| Goods and services | 4.3.7 | 87 348 000 | 98 921 801 | 119 125 270 | 20 203 469 |
| | | **199 051 000** | **213 753 367** | **224 890 657** | **11 137 290** |
| **Payments for Capital Assets** | | | | | |
| Machinery and equipment | 4.3.8 | 6 051 000 | 44 134 406 | 13 067 204 | (31 067 202) |
| Software and intangible assets | 4.3.9 | 3 285 000 | 14 276 994 | 5 621 340 | (8 655 654) |
| Satellite Development | 4.3.10 | 87 579 000 | 191 933 000 | 91 435 834 | (100 497 166) |
| | | **96 915 000** | **250 344 400** | **110 124 378** | **(140 220 022)** |
| **Total Expenditure** | | **295 966 000** | **464 097 767** | **335 015 035** | **(129 082 732)** |
| **Surplus/Deficit** | | - | - | **135 601 992** | **135 601 992** |